éDumbe Municipality

10 Hoog Street
Private Bag X308
PAULPIETERSBURG 3180

☎ : (034) 995 1650
Fax : (034) 995 1192
edumbekz261@mweb.co.za

UTRUMQUE

ALL CORRESPONDENCE TO BE ADDRESSED TO THE MUNICIPAL MANAGER

# USOMQULU WENTUTHUKO EDIDIYELWE KANYE NESABELO MALI

## 2023/2024 YOMKHANDLU WASE DUMBE

## 12 NHLABA 2023, OPHUZANE SPORTS FIELD

Umhlonishwa USomlomo Womkhandlu, Cllr DJ Nhlengethwa

Amakhosi aseNdlunkululu

Izinduna Zonke Ezikhona

Iphini leMeya, Cllr SJ Kunene nelunga le-EXCO, Cllr ND Ndlangamandla

Whip, MPAC Chair

Amakhansela Onke oMkhandlu wase Dumbe

Iziphathimandla zikaMasipala ezikhona

Izisebenzi ezivela eminyangweni ehlukahlukene kahulumeni –Sector Departments

iZakhamuzi zase Dumbe Lonkana

Izivakashi Ezahlukahlukene

Sanibonani!

Zakhamuzi zase Dumbe ngicela ukuthata leli ithuba ukubonga kusomandla ukungipha lelithuba lokuzothula losomqulu wentuthuko odididiyelwe. Ngimi lapha phambi kwenu njengesithunywa senu sokuletha intuthuko nezidingo zomphakathi eDumbe. Sekuphele unyaka nezinyanga ezinhlanu ngikuleliHhovisi njengoMeya wenu, lesisikhathi singinikeze ithuba elanele lokuqonda nokuhlangana nani ngilalele ukuthi yizona ziphi izinto enizidingayo nenizifunayo. Njengeqembu lezepolitiki elingithumileyo iNFP,

10 Hoog Street
Private Bag X308
PAULPIETERSBURG 3180

☎ : (034) 995 1650
Fax : (034) 995 1192
edumbekz261@mweb.co.za



siyakuqhakambisa ukusebenza namaKhosi nezinhlaka zemiphakathi. Sihlanganile nezindlu zobukhosi sacoshela izimfuno zoBukhosi baseDumbe, kanye nabefundisi, neminyango eyehlukene.

Namuhla ngethula usomqulu wentuthuko edidiyelwe kanye nesabelo mali esizokwenza ukuthi umuntu waseDumbe abenentokozo yokuba yisakhamuzi saseDumbe. Ngiyaqonda ukuthi akusilo iqembu lethu lezePolitiki elingongqaphambili lodwa lapha eMkhandlwini, kodwa wonke amaqembu ezepolitiki akhona emkhandlwini sihambile nawo wonke silalela izimvo zomphakathi saze sahlangana sodwana izikhawu sicija amasu nezinhloso zoMkhandlu, okwenze savumelana ngombono owodwa othi, iDumbe eminyakeni ezayo kungakashayi u2035 izoba yisibuko sezwe nesango elikhazimulayo nendawo lapho kuthuthukiswa khona umphakathi ngezinga eliphezulu. iDumbe kube yindawo wonke umuntu ohlezi kulo abenokuziqgaja ngokuthi ungowaseDumbe. Umbono ngesilungu uthi **"By 2035 éDumbe will be a Liveable, Economically Progressive Municipality and a Gateway to Kwazulu-Natal."**

Kusukela kuZibandlela ka 2022, ngokulandela iMithetho yoMasipala sihlalile kuwowonke amaWadi, nakuzozonke izigodi nezigceme ezinkundleni esizibiza ngama WarRooms. Loluhlelo lokubonisana lwaze lwafika kumhlangano odidiyelwe wokuzobonisana nokucoshela emphakathini konke umphakathi othi uyakufisa kunyaka ozokwethwasa wezimali ka2023/2024, ozoqala ngoNtulikazi (July) 2023. Asigcinanga lapho sabuye sazokwethulela umphakathi wonke amaqhingasu ethu ngo- April 2023 kuwo lonyaka, lapho wonke amasu namaqhinga okuletha intuthuko emphakathini amukelwa khona ngo- eLethu. Ngingabalula izinto esizaziyo sonke ezihlupha umphakathi wethu wonke, engaphathiswa izakhamuzi ukuthi sibophe wonke amaxhama sihlanganise ibutho lezempi lokulwa nobubha eDumbe, yilezi uma ngisika elijikayo: **(a)** Ukusweleka kwamanzi; **(b)** Ukwesweleka kwezindawo zokuhlala ikakhulukazi imizi, izindlu zochaso, amatayitela**(c)** ukufakelwa kukagesi; **(d)** ukuvuselelwa nokwakhiwa kwemigwaqo; **(e)** ukwakhiwa kwezindawo zokuhlanganyela nezokuhweba; **(f)** ukusondeza amathuba emisebenzi; **(g)** ukuvuselelwa kokuziphatha kwabantu; **(h)** ukuhleleka nokuthuthukiswa kwentsha (*youth development*); **(i)** ukuhlela zonke ezemidlalo nezobuciko (*both sports, arts & cultural affairs*); **(j)** nokusondela kwabezomthetho ekuqinisekeni ezokuphepha (*public safety*).

10 Hoog Street
Private Bag X308
PAULPIETERSBURG 3180

☎ : (034) 995 1650
Fax : (034) 995 1192
edumbekz261@mweb.co.za



Zonke lezizinto ezilishumi esengizibalulile ngenhla yizo uMkhandlu kuleminyaka emihlanu esizobhekana nazo ngqo emehlweni. Ngokubambisana neminye iminyango nezinhlaka zikaHulumeni zonke sizoshesha sizisombulule lezingqinamba esibhekene nazo eDumbe.

Lokhu kuletha ingcindezi enkulu kohulumeni basemakhaya, ikakhulukazi amaKhansela amaWadi abhekana nakho imihla ngemihla nabantu abaswele abangenalutho. Yikho nje mina njengoMeya uMkhabela ngibuyise ngaphinde ngavuselela uhlelo lwamaWar-Rooms, obeselufadalele, laphokhona zonke izinhlka zika-Hulumeni zihlanganyela khona zilalele izinkinga zezakhamuzi. Ngingabalula nje iminyango emithathu esihlale njalo sinayo wumnyango wezeNhlalakahle, amaPhoyisa kanye noMnyango wezeMpilo. Ngiphinda ngiyacela ukuba uMkhandlu weDistrict yaseZululand ungasali ngaso sonke isikhathi ube seduze nathi. Ngaphandle kwalokhu kubambisana ngeke sakwazi ukuletha izidingo kubantu, kakhulukazi amanzi.

Angisayiphathike eyokwehla kwamandla okuphehla ugesi okuze kuholele ekutheni ucinywe (*Load-shedding*) bese kudlanga ubugebengu ngalesisikhathi kuseMnyama. AmaPhoyisa awenele ukuqapha nokuvikela zonke izindawo kodwa lokhu kudinga thina njengezakhamuzi zaseDumbe ukuthi sizibhasobhele izindawo zethu sinciphise nokuyaluza ebusuku, sehlise nokudla amankwebevu nezidakamizwa.

Kuyadubukisa, empeleni ngilala ebusuku inhliziyo ilila uma ngicabanga izinkumbi zabantu engihlangana nabo abangasebenzi. Siyakujabulela ukuthi izingane zethu ziyafunda ziyaphasa kodwa siwuHulumeni sisenenselelo yokuthi lezingane zabantu zizosebenzaphi. Losomqulu weNtuthuko odidiyelwe yilomkhandlu (IDP) kanye nesabelo mali sonyaka ozoqala yilapho esizozama khona ukuthi senze ngcono izimpilo zabantu baseDumbe.

Somlomo (Madam Speaker) ngiyabika ukuthi singenile nje kulonyaka umehluko esiwenzile ubonwa nayingane yasenkulisa. Ngenxa yokudlanga kobugebengu siwafakile amalambu kagesi esolar ezindaweni eziningana, ngiyaqonda ukuthi kusamele sikhuphule izinga lokufakelwa koAppolo Lights, solar lights koBilanyoni, Location, Mangosuthu, Ophuzane, Bhadeni nakoTholakele nakwezinye izindawo.

10 Hoog Street
Private Bag X308
PAULPIETERSBURG 3180

: (034) 995 1650
Fax : (034) 995 1192
edumbekz261@mweb.co.za



Ezinye izakhiwo eziqedwe sengifikile, ebekade zinezingqinamba ezahlukene yilezi ezilandelayo:

- uMdwadlaza Bridge -Obivanyana Ward 1
- Penvaan Bridge emaWulumbe Ward 7
- eZibomvu Community Hall Ward 10
- Ibhulohho lokuwela eMbizeni eWard 4
- Ibhulohho lokuwela eMakholweni eMpheladaba eWard 6

Kuyintokozo ukubika ukuthi ngenxa yokusebenza kwethu singaMakhansela ngokuzikhandla.uMphathiswa uMhlonishwa uSipho Hlomuka owaye- u(MEC: COGTA) wasihlomulisa ngesamba sezigidi eziyishumi (R10.5 million) wokuthi sengeze kwizinto ezinhle esizenzela izakamuzi.Lemali safaka amarobbot, solar streetlights, umgwaqo ePaulpietersburg Premere edolobeni.

Ngenxa yokusebenza kahle, uMphathiswa Mhlonishwa MEC: Bongiwe Sithole-Moloi (COGTA), uphinde wasihlomulisa ngesamba semali engu 9 Million.Izindawo esithe azithintwe ngalemali yilezi: imigwaqo yasOphuzane Ward 8, Emaphyphini Access Road, naseMahloni Ward 7, Mashekelela Sports Field.

**Isibonelelo sabamhlwempu / Indigent Support**

Kuyisibopho ukuthi njengohulumeni waseDumbe sihllinzeke isabelo mali sokubonelela abangenawo amandla okuzisiza. Sizoqiniseka ukuthi labo asebehlonziwe bazokwephulelwa amanani entela kaGesi neyomhlaba ngesilinganiso esingu 50%, besekuthi abafisa ukulekelelwa ngokulondoloza abedlulile emhlabeni babo bazosizakala. Kodwa loluhlelo sizokhuphula indlela yokuzihlolela mathupha ngaphambi kokuthi ufumane usizo.

• Izaphulelo zika 50% kumarates / rebates on assessment rates;

10 Hoog Street
Private Bag X308
PAULPIETERSBURG 3180

: (034) 995 1650
Fax : (034) 995 1192
edumbekz261@mweb.co.za


• ukulekelelwa ngemingcwabo kwimizi lapho ekungeko khona mali engenayo / Free indigent burial to deemed indigents

**Amanzi / Water**

Inqginamba yamanzi ibheke, hhayi thina sodwa lapha eDumbe, kodwa izwe lonke. uMkhandlu waseZululand yiwo ngokwezimiso zomthetho ohlinzeka amanzi kubantu. Thina okwethu ukuba zithunywa zenu ukunikhulumela nokuthi nibe seqhulwini lwezinhlelo zokulethwa kwamanzi. Ngiyaxhumana noMhlonishwa uMeya waseZDM ukuthi iDumbe libephezulu ezinhlelweni zabo nakuwo lonyaka. Ngingabika nje ukuthi ekuxoxisaneni naye kanye noHulumeni kaZwelonke sekuphasisiwe ukuthi kubekwe imali engaphezulu kwezigidi ezingamakhulu amaThathu (R307 million) ozoqondana nokuzokwakhiwa kweziphehlo nezigayo zamanzi nokuchithwa kwendle ehhamba ngamapayipi amanzi (*water borne waste water treatment system*). Akukhona lokhu kuphela okuzofakwa kuzovuselelwe imithombo yamanzi (Boreholes). Ngibuye ngacela nasemnyangweni kaMhlonishwa Bongiwe Sithole Moloi (COGTA) ukuthi baqhubeke nokusifakela izigayo zamanzi (Boeholes).

**Ugesi / Electricity**

Somlomo ukuhlinzeka kukagesi akusona isibopho semikhandlu yodwana kodwa ukubambisana noMnyango wezokuMbiwaphansi naMandla. Kuyaye kwabelwane ukuthi yizona ziphi izindawo abacela sibaphuthumisele ukufakwa kukagesi. Siwufakile ugesi ezindaweni eziningi, njengamanje siku 95%.

- KwaKhambule Phase 1
- KwaLembe Phase 1
- KwaSonkela Phase 3
- eSikhaleni

**éDumbe Municipality**

10 Hoog Street
Private Bag X308
PAULPIETERSBURG 3180

☎ : (034) 995 1650
Fax : (034) 995 1192
edumbekz261@mweb.co.za

UTRUMQUE

ALL CORRESPONDENCE TO BE ADDRESSED TO THE MUNICIPAL MANAGER

Kulonyaka wezimali ozokwethwasa esabelweni esisitholile sihlonze ukufaka ugesi lezindawo:

| **ENERGY ELECTRIFICATION** | | | |
|---|---|---|---|
| Electrification Services | KwaSonela Electrification Phase 4 | Electrification | 5 705 000 |
| Electrification Services | KwaLembe Electrification Phase 2 | Electrification | 2 400 000 |
| Electrification Services | Moscow Electrification | Electrification | 1 900 000 |
| Electrification Services | Kwahhulumbe | Electrification | 2 500 000 |
| Electrification Services | Emasimini | Electrification | 2 000 000 |
| Electrification Services | Kwakhambula | Electrification | 3 300 000 |
| Electrification Services | Esikhaleni | Electrification | 3 500 000 |
| **Total Expenditure** | | | **21 305 000** |

Sibuye sacela ukuthi kuwowonke amaWard ayesevele ehlomulile ngogesi, kubuyelwe kuwo kubhekwe imizi emisha eyakhiwe kamumva, seluphothuliwe uhlelo lokufakwa kukagesi sesiyodlulisa uhlelo lwama (in-fills).Loluhlelo siyalusebenza ngokuthi kuhlonzwe zonke izindawo ngokusizwa yiminyango kazwelonke nesifundazwe.Nathi njengeDumbe siphose esinakho ekulekeleleni uma kwenziwa ucwaningo lwabazohlomula.

Inkinga esiba nayo edlangile wukwebiwa kukagesi. Sesiqalile ukweluleka imiphakathi sibambisene no ESKOM ngobungozi balesisihlava esenza kuphazamiseke nabantu abangenacala. Ngiyacela ukuthi sishumayele kuyoyonke imiphakathi nezakhamuzi ukuthi ziyeke ukubiza izinyokanyoka ngoba lokhu kubuyisela intuthuko emuva kulimaze abantu abangena cala.

10 Hoog Street
Private Bag X308
PAULPIETERSBURG 3180

☎ : (034) 995 1650
Fax : (034) 995 1192
edumbekz261@mweb.co.za



**Ukwakhiwa Kwezindlu Zemixhaso / Human Settlements**

Kuyiqiniso ukuthi amakhaya aseminyene nakho lokho sekudala nokuxabana kwemindeni. Ngaphandle nje kwemisebenzi evele yenziwa njengako Ophuzane, Tholakele, Mangosuthu, nakoGreenfields.Ngingabika ukuthi sekuphasisiwe kwezicelo kuqalile kugug'ifosholo kulezidawo ezilandelayo:

- Mphundu Housing ward 6;
- Thubelisha Housing ward 3 ;
- Tholakele housing ward 5,
- Mondi

Ngingabika ukuthi sekusemome ukuthi kuphothulwe ukuphasiswa kwezicelo zalama projects alandelayo:

- Mahloni Housing ward 7;
- Ngwanya Housing ward 2;
- eDumbe Phase 3 Housing ward 3;
- uHlelo lezindlu laba phila ngokukubazeka

**Ezokuphepha / Public Safety and Security:**

Sisodwana ngeke sakuqeda nya ubugebengu. Siyazibophezelela ekutheni iHhovisi lika soMlomo njengoShampeni wePublic Participation, amaWard Committees nama Ward Police Forums singakwazi ukuqhamuka namasu okulwisana nobugebengu. Yize ngingeke ngaqhagula lapha amasu nezinto esizenzayo sibambisene kodwa okumbala nje engingakukusho ukuthi siqiniseke ukuthi amaPaki ayakhanya, sizame ukubiywa kwePaki esedolobheni, sikhuphule izinga lokwenza izivimba ndlela (Road Blocks) kokunye.

10 Hoog Street
Private Bag X308
PAULPIETERSBURG 3180

: (034) 995 1650
Fax : (034) 995 1192
edumbekz261@mweb.co.za



## Inqala siZinda / Infrastructure

Bakhulumile abantu baseDumbe ezinkundleni lapho kade sixhumana khona ukuthi kulonyaka bafisa okungenani sibalungisele imigwaqo. Esabelweni salonyaka sihlinzeke imali engaphezu kuka R3.5 million ukulungisa imigwaqo engesemihle kahle. Ukuze umkhandlu ukwazi ukulungisa imigwaqo esabelweni salonyaka sahlinzeka imali engaphezu kuka R2 million ukuthenga itipper truck ngo nyaka odlule esebenzisana neminye yemshini yeyellow plant esiza ekulungiseni imigwaqo.

Kulonyaka odlule kwenziwa imisebenzi eyisithupha elethe ushintsho emindenini futhi ifukule nosokontileka bendawo:

1. Phase 5 Community Hall ward 2,
2. KwaNkomo Bridge ward 10,
3. Bilanyoni SMME Centre ward 4,
4. Regravelling of KwaNyosi Road ward 6,
5. Mbhedleni Bridge ward 7,
6. Ezinxeni Sports Field ward 1.

Kulonyaka kuzokwenziwa imisebenzi eyishlanu ezoletha ushintsho emindenini futhi ifukule nosokontileka bendawo:

| | | | |
|---|---|---|---|
| MIG Project | Emaphayiphini Access Road | Transport | R 4 500 000 |
| MIG Project | Nqaben Access Road | Transport | R 4 500 000 |
| MIG Project | Lindelani Access Road | Transport | R 4 800 000 |
| MIG Project | Kwa Bhukuda Pedestrian Bridge | Transport | R 2 800 000 |
| MIG Project | Mashekelela Sport field | Community | R 3 000 000 |
| **TOTAL MIG** | | | **R 19 600 000** |

10 Hoog Street
Private Bag X308
PAULPIETERSBURG 3180

☎ : (034) 995 1650
Fax : (034) 995 1192
edumbekz261@mweb.co.za

UTRUMQUE



**Inhlanzeko Yamadolobha/ Cleaner Communities and Environment:**

Ukuze umkhandlu uhehe osomabhizinisi abazothuthukisa indawo yaseDumbe kumele izindawo esihlala kuzo zihlanzeke ngezinga eliphezulu. Ngaphandle nje kokuthi ngiyazibambela mathupha ekukhucululweni immfucuza ngiyaqiniseka ukuthi zonke izinhlaka zikahulumeni njengo Community Works Program (CWP) siwasebenzise kulezinhlelo. Bonke abantu bayawubona umehluko esiwenzayo edolobheni kulonyaka singenile.

Ngokuxoxisana namaKhosi akithi aseDumbe sisohlelweni lokuhlonza indawo yokulahla udoti. Akukhona kuphela ukuthi kuyobe kulahlwa uDoti kodwa kuzoba namathuba emisebenzi azovuleka ngenkathi kwakhiwa leyondawo ngesabelo esilinganiselwa **kuR17 Million** esizoyithola kuMnyango Wezokuthuthukiswa koMnotho esiFundazweni (EDTEA). Kuzobuye kube yindawo lapho kwehlukaniswa khona udoti ongabuye usebenze kabusha (Waste reCycling). Ngiyacela ukuthi sibambisane nezakhamuzi zonke zaseDumbe ukuthi lendawo siyihlonze ukuze kuthuthuke iDumbe lethu.

Ngibikile ngaphambilini ukuthi sacosha uMklomelo onguR600 000. kuCleanest Town competition. Lesisamba sithumele isethulo sokuthi kuthengwe imiqgomo kadoti, kuthengwe izingolovane, kuthengwe amathuluzi okusebenza nokunye. Ngiyathemba ukuthi ngokubambisana nabasebenzi bethu siyokwazi ukwenza umehluko oyothandwa ngabantu abasithumile.

**Ukuthuthukiswa KwaMakhono**

iQembu elingithumileyo iNFP kwingqubo Mgomo yayo esayifundiswa ngumsunguli wayo osewasendulela uKaMagwaza-Msibi lingithume ukuthi ekwenzeni kwethu asiqiniseke ukuthi sithuthukisa amakhono ikakhulukazi kubantu abasebasha. Ngokusebenza ngokubambisana neminye iminyango kahulumeni sizoqiniseka ukuthi ezemidlalo namaciko kwenzeka nagamawala nangamandla amakhulu. Kungekhona kuphela ukuthi sizobhekelela ezemidlalo kodwa nokuncedisa abantu abasha kuwowonke amaWard ngezincwadi zokushayela sizokwenza.

10 Hoog Street
Private Bag X308
PAULPIETERSBURG 3180

☎ : (034) 995 1650
Fax : (034) 995 1192
edumbekz261@mweb.co.za

UTRUMQUE



Sizohlela izinkundla zokucobelelana ngolwazi (empowerment Workshops). Siwumkhandlu sibenalezinhlelo esizenzile onyakeni wezimali ondlule:

- Mayoral Tournaments Selections (Soccer, Netball, Pool),
- Mayoral Cup Final,
- Ukuba neNkundla yokuzobonisa abafundi izinhlobo zemisebenzi nezemfundo ephakeme (Carreer Expo),
- Ukuncedisa ngemali yokubhalisela ezikoleni ekuqaleni konyaka – bursaries
- Ukubuyiswa kwama-Marathons
- Ukubuyiswa kwezoMculo wamaKhwaya
- Ukuxhasa iScathamiya, Oswenka, Ingoma, Onobuhle etc,
- Ukuvuselela KweziMbali zesiZwe (AmaTshitshi) – Umkhosi Womhlanga,
- Umbelewethu,
- eDumbe Horse Racing,
- Ukuxhumana nomnyango ethize mayelana nokuRekhoda ama CD's neziStudio,
- ukuxhasa osomabhizinisi abasafufusa SMMEs
- Ukwenza imisebenzi yentuthuko (LED) ezoba nomlando
- Widow/er support (ukusizwa kwabafelokazi/nabafelwa/nabakhubazekile).

éDumbe Municipality

10 Hoog Street
Private Bag X308
PAULPIETERSBURG 3180

UTRUMQUE

☎ : (034) 995 1650
Fax : (034) 995 1192
edumbekz261@mweb.co.za

ALL CORRESPONDENCE TO BE ADDRESSED TO THE MUNICIPAL MANAGER

Siwumkhandlu sinalezinhlelo esizozenza kulonyaka wezimali 2023/2024:

**A. Quarter 1 PRIORITIES (1 July- 30 September 2023)**

| PROGRAM | SECTION |
|---|---|
| Local Golden Games | Special Programs |
| Umgubho weNyanga Yabesifazane / Women's Month celebration / Summit | Special Programs |
| Umkhankaso Wokuqwashisa Ngezemvelo Ezikoleni/ Environmental Awareness Campaign in Schools | Environmental Management |
| Imiqhudelwano elungiselela imidlalo kaMeya wendawo/ Tournaments in preparation for Local Mayors Games | Sports Development |
| INdebe Yomkhandlu Wasekhaya/ Local Mayoral Cup | Sports Development |
| Local & District Umbele Wethu | Social Cohesion |
| Umkhosi Womhlanga & Purchase of Maidens Materials | Social Cohesion |
| Umncintiswano Wamahhashi /Horse Riding Competition | Social Cohesion |
| Imidlalo Yendabuko/ Local & District Indigenous Games | Sports Development |

**A. Quarter 1 NEW PROGRAMS (1 July- 30 September 2023)**

| | |
|---|---|
| Ukuncintisana Kwedrama/ Drama Competition | Social Cohesion |
| Uhlelo lwamalayisensi/ Drivers license programme for PWD | Special Programs |
| Operation Siyaya Emhlangeni Outreach | Social Cohesion |
| Umkhankaso Wokuqwashisa Ngomdlavuza/ Prostate Cancer Awareness | HIV/AIDS |

10 Hoog Street
Private Bag X308
PAULPIETERSBURG 3180

☎ : (034) 995 1650
Fax : (034) 995 1192
edumbekz261@mweb.co.za

UTRUMQUE



| | |
|---|---|
| Campaign | |
| Ingoma Yezintombi & Isigeke Somama | Social Cohesion |
| Imikomelo Yezemidlalo kaMeya/ 2023 Mayoral Sports Awards | Sports Development |
| Ukuqeqeshwa Kwama-Matrons/ Training for Matrons | Social Cohesion |
| Cothoza Provincial Competition | Social Cohesion |
| Ukuzibandakanya KwaMeya namaMatrons / Mayoral Engagement with Matrons | Social Cohesion |
| Hosting of Service Delivery Indaba (2022/2023 FY report) | OSS |

**B. Quarter 2 PRIORITIES (1 October - 31 December 2023)**

| PROGRAM | SECTION |
|---|---|
| Imidlalo Yabakhubazekile/ Disability Games local level and District level | Special Programs |
| District & Provincial Golden Games | Sports Development |
| District Mayoral Cup | Sports Development |
| SALGA Games | Sports Development |
| eDumbe Mayor's Marathon | Sports Development |
| Ingoma Yezinsizwa Competitions (26, 28 & 31 Dec) | Social Cohesion |
| Umkhankaso Wokuqwashisa Ngokuphepha Emgwaqweni / Road Safety Awareness | Public Safety |

10 Hoog Street
Private Bag X308
PAULPIETERSBURG 3180

: (034) 995 1650
Fax : (034) 995 1192
edumbekz261@mweb.co.za


| | |
|---|---|
| Campaign | |
| Hosting of Service Delivery Indaba (Operation MBO) | OSS |

## B. Quarter 2 NEW PROGRAMS (1 October - 31 December 2023)

| PROGRAM | SECTION |
|---|---|
| UKhisimuzi wabadala/ Christmas for the Elderly | Special Programs |
| UKhisimuzi Wezingane/ Christmas for Children | Special Programs |
| UKhisimuzi wabakhubazekile/ Christmas for PWD | Special Programs |
| Iworkshop yeDrama nokwenza Ifilimu/ Workshop for Drama & Film Making | Social Cohesion |
| Zion Competition | Social Cohesion |
| eDumbe 1st local artist Music Festival | Social Cohesion |
| Isibaya Samadoda | Special Programs |
| World Aids Day Celebration | HIV/AIDS |
| Snooker Tournament | Sports Development |
| Workshop for Soccer & Boxing Coaches and Umpires | Sports Development |

## C. Quarter 3 NEW PROGRAMS (1 January – 31 March 2024)

| PROGRAM | SECTION |
|---|---|
| Umkhankaso Wokuqwashisa Ngomdlavuza Webele/ Breast Cancer Awareness Campaign | HIV/AIDS |
| Ukuncintisana Kosonkondlo/ Poetry Competition | Social Cohesion |
| Uhlelo lokulwa ngodlame kwabesifazane + Ukubulawa kwabesifazane/ Dialogues on GBV + Femicide | Special Programs |
| Imidlalo Yabakhubazekile yeprovince/ Provincial Disability Games | Special Programs |
| uMkhandlu Kubantu/ Taking Council to the People (Report Back) | Special Programs |

éDumbe Municipality

10 Hoog Street
Private Bag X308
PAULPIETERSBURG 3180

☎ : (034) 995 1650
Fax : (034) 995 1192
edumbekz261@mweb.co.za

UTRUMQUE

ALL CORRESPONDENCE TO BE ADDRESSED TO THE MUNICIPAL MANAGER

## D. Quarter 4 PRIORITIES (1 April –30 June 2024)

| PROGRAM | SECTION |
|---|---|
| Ward Easter Games | Sports Development |
| Ingoma Yezintombi & Izinsizwa | Social Cohesion |
| Umkhankaso Wezokuphepha Emgwaqweni/ Road Safety Campaign | Public Safety |
| Hosting of Service Delivery Indaba (Sector Departments Operation MBO) | OSS |

## Quarter 4 NEW PROGRAMS (1 April –30 June 2024)

| PROGRAM | SECTION |
|---|---|
| Ukuhlangana kukaMeya namasonto/ Mayoral Religious Outreach | Social Cohesion |
| Hip Hop, Kwaito & Modern Dance Competitions | Social Cohesion |
| uMkhandlu Kubantu/ Taking Council to the People (Report Back) | Special Programs |

Nginethemba lokuthi ngokubambisana nozakwethu, abasebenzi, nezakhamuzi siyokwazi ukuqiniseka ukuthi iVISION 2035 iyasondela maduze eDumbe ngokushesha. Isabelo mali soMkhandlu waseDumbe sakhiwe ngokuhlela kwemali esizoyiqoqa nemali esabelwe yona ngoHulumeni wesiFundazwe nokaZwelonke okumi kanje ngamafuphi:

éDumbe Municipality

10 Hoog Street
Private Bag X308
PAULPIETERSBURG 3180

: (034) 995 1650
Fax : (034) 995 1192
edumbekz261@mweb.co.za

UTRUMQUE

ALL CORRESPONDENCE TO BE ADDRESSED TO THE MUNICIPAL MANAGER

**Operating Transfers and Grant Receipts**

**The National Treasury has allocated grants to the Municipality through DORA which will assist on the provision of the basic services. The schedule of grants received is as follows:**

| Details | Draft Budget 2023/24 | Budget 2024/25 | Budget 2025/26 |
|---|---|---|---|
| **GRANTS & SUBSIDIES** | | | |
| **National Government** | | | |
| Equitable Share | 99 026 000 | 105 089 000 | 101 552 000 |
| Finance Management Grant | 3 000 000 | 3 000 000 | 3 000 000 |
| Municipal Infrastructure Grant | 20 774 000 | 21 559 000 | 22 234 000 |
| Integrated National Electrification | 21 305 000 | 14 629 000 | 15 284 000 |
| Public Works Integrated Grant | 1 638 000 | - | - |
| | **145 743 000** | **144 277 000** | **142 172 000** |
| **Provincial Government** | | | |
| Provincialisation of Libraries | 1 426 000 | 2 050 000 | 2 142 000 |
| Community Library Services | 1 964 000 | 1 489 000 | 1 556 000 |
| Strategy Grant Skill development | 1 000 000 | | |
| **Total Receipts From Provincial Gov** | **4 390 000** | **3 539 000** | **3 698 000** |
| | | | |
| **Total Grants & Subsidies** | **150 133 000** | **147 815 000** | **145 870 000** |

éDumbe Municipality

10 Hoog Street
Private Bag X308
PAULPIETERSBURG 3180

: (034) 995 1650
Fax : (034) 995 1192
edumbekz261@mweb.co.za

UTRUMQUE

ALL CORRESPONDENCE TO BE ADDRESSED TO THE MUNICIPAL MANAGER

Uma sengiphetha Mama Somlomo bahlonishwa nezakhamuzi mina, Councillor M.S MKHABELA THE MAYOR OF ÉDUMBE MUNICIPALITY

Ngethula lesisabelo zimali esilinganiselwa kwiziGidi ezingu R271 632 789 sonyaka ka 2023/2024 Medium-Term Revenue and Expenditure Framework (MTREF) yaseDumbe Local Municipality uthi niyemukele.

Ngiyabonga – Amandla !!!!

Phambili ngeDumbe Phambili !!!

Wena Wendlovu, bayede !!!